weqisa engenayo imali. Nabesimame kwathi ngoba bengenawo umsebenzi wokumba base befuna imali. Kayababikho, bambhula-ke uManephu.

Kuthi ngelikade uManamuza ayilahle phansi induku athi: " Uyangazi mina Manephu? Kusasa lokhu ngifuna ukukhwela nentombazane ngiye ekhaya. Konje nithi siyiziphukuphuku zasemakhaya? Uzoke ubone ulinyazwa yiso-ke. Mina ngeke ngikubophe wena Manephu, ngibophe ize elifana nawe nje. Ngiyosuke ngikubhambe ngenduku nje. Uma engamlethi lapha uBajwayele kusasa, uyobona into yamehlo!"

Lamazwi nalezizehlakalo konke kumcobe umzimba uManephu abese ethi nje: "Kahle mntakababa. Kusasa lokhu siya khona. Kahle ngihambe khona manje ngiyohlolisisa."

Ahambe ilanga lonke aze abuye ebusuku. Uyafika uthi: "Uyabona-ke sengize ngayithola kahle indlu akuyona. Kodwa isejalidini elibi, elinamakhosikazi anolaka. Uyawazi nawe amakhosikazi alapha eJozi anolaka. Ngiyokuthatha-ke mina ngifike ngikubeke lapho intombazane ngiyibone ngikhona. Uwena-ke osuyozibonela ofuna ukuwenza ngayo." Bavumelane, balale.

Ukusa kwaziwa uManamuza. Wavuka ngezinkukhu zokuqala, walungisa izingubo, wabopha, wagqoka waqeda, wase ehlala kwaze kwasa. Kuthe ukuba kuphume ilanga wase ethi: "Shono-ke Manephu, siya nini kwamhlobo wakho?"

"Ngeke kulunge ekuseni kangaka. Kungeke kulunge futhi emini yasekuseni. Sobona ntambama."

"Usuphinda wona futhi amamenemene asixabanisile?" kusho uManamuza.



"Hhabe! Kawudelanga ngaleliyalanga izigebengu zicishe sithi azikukhiphe umphefumulo? Ufuna zikuphinde nanamuhla? Seziyokunquma ikhanda manje. Awulaleli ngani umthetho wami mina engizaziyo?" Adonse amehlo uManephu.

Athambe uManamuza uma ezwa lokhu. Aqungeke isibindi uManephu athi: "Uyabona wena Manamuza, ukuba uhlakaniphile ngabe uya esiteshini uyogxoba amapasi, uthathe amathikithi ukuze sithi siyithola intombazane uyithathe ngaso lesosikhathi uyifake esitimeleni, amahuzu esesemsebenzini."

"Kulungile-ke. Woza sihambe nawe siyogxoba."

"Wesaba ukuthi ngizobaleka yini?"

"Wena wesabani?"

"Kulungile phela. Uma namuhla, ngoba usungena ngomnyango wangaphambili koMabifeni usuwazi ukuthi ngiyisigebengu. Mina ngingumuntu oqotho. Uyongifica ngilokhu ngimi lapha. Hamba nje wedwa. Asivumelananga ngokuthi ngiyokuthathela amathikithi."

Azihudule uManamuza, ehamba inhliziyo inzima. Kuthi akake ambhambe ngenduku, abuye azibambe. Bangamhluphi abelungu enkantolo kanye nasesiteshini. Asheshe abuye. Athi ngoba esheshile abese ethi akasale esethenga umphako wendlela. Lokhu kumbambezele aze aphenduke sekusemini. Uyafike ekhaya ufica kuthule kuthe nya. Lumuthi heqe uvalo, esecabanga ukuthi uManephu usale wabaleka. Afikelwe ukuthukuthela akhulumele phansi athi: "Ngimfica manje ngingambhamba ngenduku ukuze apheze ukungikhohlisa. Sengikhathele nguye. Kunini angiqala engikhohlisa ngoba ebona ukuthi ngihluphekile? Akabazi kahle abantu." Athethe kanjena aye angene

endlini. Awusunduze ngamandla umnyango, sekukhona nokucasukwa. Uvuleke kalula, ebese ephonseke ngaphakathi uManamuza. Afice umhlobo wakhe elele obudala ubuthongo, usemanzi ukujuluka. Athi ukumoyizela uManamuza abese ethi: ''Wena!'' esho emkhomba ngemvubu, ''Uyohamba usinda!'' Lokhu ukusho nje useqala ukuphaphama uManephu. Anele ezwe elokusongelwa akhumbule ukuthi eGoli uma umuntu esongelwa kuyaye kufuneke asheshe acabange indlela yokuzivikela. Athi gubhubhu, ahlale ngesinqe, eseswacile athi: ''Ulinganisa ukwenzani Manamuza ngokungisongela ngilele?''

''Hhayi mntakababa, akukho lutho. Ngingaze ngikusongele ngoba wenzeni lena enkulu kangaka? Ingani nomntanami ngizomthola nje namuhla yingawe.''

Asukume uManephu athi: ''Angisayi lapho. Ungisongela ngilele? Ungihlolela mhlola muni?''

Akhiphe usheleni uManamuza athi: ''Nangu upenyana wakho kagwayi mntakababa. Bengingakusongeli ngalutho.''

''Usheleni wodwa vo? Phezu komsebenzi ongaka esengikwenzele wona?''

''Imali ngiyithathaphi Manephu?''

''Kawunahlazo nelokukhuluma kanjalo! Uma ingekho imali kasihlale-ke baze bayithumele ekhaya.''

''Uthini manje?''

''Wangikhipha esikhundleni phela.''

''Hhawu, Manephu!''



''Beka phansi ompondwe abahlanu. Inxa ungakwenzi lokho anginyakazi lapha. Kazisasho lutho nez:nhlonzana zakho lezo.''

''Hhawu, Manephu!''

''Sengishilo mina Manephu waseBenoni, ohlala eDuvaside, eBenoni, eNtilasifani. Angisuki lapha uma ungababeki phansi ompondwe abahlanu. Ungake ubuze kodwa, sewangidinda wangidinda ngenduku, wangikhipha nasesikhundleni; izindaba zakhulunywa nguwe, nezimehlane zigojelwa nguwe; akusasali naziceke zodwa lezi zisalele mina. Uyoke usho Manamuza uthi wake wabusa lapha eGoli! Ngikhuluma nje base bekunike ikamelo ngaphakathi kwaStimbolo nombhede omfothomfotho uba bethi ungumnumzane, wenqaba wena ukungena ngaphakathi endlini. ngoba wesaba, ukuthi ngizobaleka nemali yakho.''

''Hhawu, Manephu!''

''Akukho phela okwenzeka kuleliBenoni ngingakwazi. Wancama ukulala entuthwini eyesabekayo, nakulezimbungulu, ungumntakaNomadinane waseButhunqe buka-Magayi kwesikaChief Dumdumu!''

''Hhawu, Manephu!''

''Wahawuka kangaka mnumzane? Khipha imali wena ngihambe ngilande ingane yakho. Uma ungayikhiphi usho, ngiyozimbela imigodi kulabo abazonginika imali'' asho enikela emnyango.

''Mana bo Manephu.''

''Ngimeleni ngoba isikhathi siyahamba? Nkonkoshela imali

yakho khona soke sibone ukuthi iyomthola yini uBajwayele.''

Afake isandla emxhakeni uManamuza, siqhaqhazele siphuma kuze kuthi ngelikade asikhiphe isikhova sawompondwe abahlanu.

''Mina-ke Manephu wansondo.''

''Ngiyabonga! Woza sihambe.''

Basuke bahambe,kuhola uManephu. Bathi uma bephuma uManamuza afune ukuba alinganisane noManephu. Lona omunye angakufuni lokho, ecasulwa zicathulo ezibanga umsindo. Kuthe lapho sebephumile esangweni wathi uManephu: ''Uyabona wena Manamuza hamba ngemuva kwami. Ungangilandeli eduze. Akufuneki sibonakale sihamba ndawonye.'' Alalele lona omunye. Bahambe-ke bephuma bengena emihubheni, bezungeza aze athi ebona uManamuza uManephu abe eseqala ukuhamba ngamanzonzo. Naye azame ukwenzenjalo uManamuza. Waya othangweni lokhethe uManephu, wafika walunguza embotsheni, evale iso elilodwa. Athule uManamuza ebuka, inhliziyo ihlushwa livuso lokuthi wake wathi enzenjalò emhubheni wacishe walimala kabana.

Kwale kuManamuza ukuba abe elokhu emi kude. Asondele kuManephu athi: ''Usumbona yini mntakababa? '' Aphendule ngokufutheka lona omunye, ekhulumela phansi athi: ''Thula!'' Athi ukuqalaza uManamuza, abese ehlehla. Aye eme kudana lapho kuyothi uma kuvela ingozi bangaze basho ukuthi uhamba noManephu.

Kuthe ngelikade waphenduka uManephu, waqhweba uManamuza. Wasuka ngejubane, esekhohliwe ukuthi zizobanga umsindo izicathulo. Amkhuze uManephu. Anele afike akhombe embotsheni uManephu. Abasathe nhla



uManamuza ayibone intombi yakhe ngaphakathi, igqoke iyaconsa.

Imi kuvulande iphethe izitsha zetiye. Anele ayibone kuphele konke ukuthi usedolobheni, asuke abe nguManamuza waseButhunqe. Kuthi akasuke agxume aye aphonseke ngalena kothango. Kufike isifuthufuthu sazo zonke izinsizi zakhe, kusukela esilulwini, kuya ekuboshweni kuze kufike kuManephu. Imithambo le yentamo neyobuso igcwale igazi ngokuphazima kweso, kujuluke ikhala, aphefumulele phezulu, athi ethi uyakhuluma axhileke, athi lapho ethi uvula umlomo athi: "Baj . . ." amhlale ngomphimbo uManephu amuthi ngci, emthulisa.

''Kanti kawusile kahle impela? Usumemeza intombazane uselapha? Uma ibaleka ingene endlini uyokwenzenjani?''

Aphefumule kakhulu uManamuza abese ethi: ''Uqinisile Manephu. Lixhoshwa libhekile.''

Bathi uma sebepholisene athi uManamuza: ''Woza singene Manephu ngoba nanti isango. Sizofike siyithathe siphume nayo.''

''Cha, mntakababa, asivumelananga kanjalo nawe. Savumelana ngokuthi ngiyoya lapho ikhona ngikukhombise, wena-ke uzenzele okubonayo. Nansi intombazane. Yenza okubonayo wedwa. Mina siyehlukana lapha.''

''Wo, olayitha, Manephu?''

''Nawe uyindoda. Kanti uthi mina ngangithatha isikhathi eside nje ngimfuna kwakubangwa yini? Ngangimbona, ngibone amahuzu, ngihlehle.''

Ahlehle uManephu. Kufike imiqondo eminingi

kuManamuza. Kuthi akaziphonse ngaphakathi, acabange olayitha, azikhuze. Kuthi akaziphonse, abone ukuthi yonke imithi elapha ngayo ekhaya iyophupha iphele ithi nya!

Lapha ngaphakathi usebonile ukuthi kusadidlana. Kuyadliwa, kujatshulwe, kuyaxoxwa, kuhlekwe. Kancane ezwe igama lakhe lisemoyeni. Abanye bathi: "Kodwa Bajwayele uthi uyihlo akasengenwe ukuguga? Ukhona umuntu ongadayisa ngengane yakhe ngoba ejahe ilobolo?"

Omunye athi: "Awu, mntakadadewethu! Wenza wabaleka. Kufuneka afundiswe amadoda lawa ukuthi thina bantu besifazane asizona izimpahla zokudayiswa. Singabantu nje nathi, okufuneka sikhethe esikuthandayo, sale esingakufuni. Iphele lendaba ukuthi umuntu uthengwa ngezinkomo. Uthengwa ulisaka lommbila yini?"

Alalelisise uManamuza ezwe ukuthi naye uBajwayele uyangena kulamaxoxo, alingise uyise phambi kukaZulumacansi. Athi uma emlingisa ihleke kakhulu indlu. Abanye bathi uManamuza yinto yokunikwa izigebengu zakwaDukathole zenqakisane ngaye. Leli limdunge umqondo. Lushe uhleko ngaphakathi endlini.

Kuthe kuleyonhlokomo, wazilahla amathambo uManamuza wathi noma kuyafiwa, noma kuyaphilwa uthatha ingane yakhe manje. Wangena esangweni, welula amanyathelo, bathi bephenduka abesimame babheka emnyango wase engaphakathi, lapho intombazane imlingisa ukuthi uzincengela kanjani kuZulumacansi. Wanele wayibona kwafika ukuthukuthela okumbangela ukucinana kwesifuba. Wehluleka ukuthi uzokukhipha lokukufuthelana ngaluphi ulimi. Uthe ethuka wase ebhobokele esiNgisini, naso kasabe sisaphelela, wasimze nje wathi: "At-iss!" Bamangala bonke endlini ukuthi uthini. Wayidumela ngesandla intombazane, wabanga



emnyango. Nguye lowaya esangweni, waye waphuma nayo ngesango, kudekude emhubheni.

Basale bekhexile nje abesimame lapha endlini besamangaliswe ukuthi umuntu waseButhunqe udilika kuziphi izibhakabhaka. Ehle ngomhubhe nBajwayele uManamuza embambe ngengalo, noBajwayele esamangele nje ukuthi kodwa kwenzenjani kwenzeka into abe engayilindele kangaka!

Umi kude, emsamo nomhubhe uManephu. Anele abone uManamuza ehla nentombazane asho ngengila athi: "Yenzenjalo-ke indoda!"

Uyafika esiteshini uManamuza uselethe konke uManephu. Sifike isitimela, bakhwele. Sithi lapho sisuka, uManephu eze ngasefasiteleni kuBajwayele aphefumule kakhulu athi: "Hhawu, waze wangisebenzisà ntombazane!" Sedlule.

## ISAHLUKO XII

Sigijime ubusuku bonke isitimela silibhekise eNatali. Kuthi ngezinkuku zokuqala sitheleke eButhunqe bukaMagayı. Behle. Selokhu kusukwe eBenoni, akukho noyedwa oke wathi nda komunye. UBajwayele-ke yena wayengazange ake akhwehlele nokukhwehlela kodwa lokhu. Behla kusemnyama impela. Beqe ujantshi wesitemela, baphume esangweni bese bengena indlela yezinyawo elibhekise ekhaya. Kubuqamamana-ke ekhaya.

Ukukhanya kwezibani zasesiteshini akusafinyeleli lapha endleleni. Sekumnyama. Futhi-ke sekuqala amahlathi lapho, nendwao icishe ithi kayibe lihlane elibana—ikakhulu ngoba akukho mizi yabantu ngalapho.

Bahambe bahambe belandelana baze baye bangene phakathi kwawo amahlathi, badukuze kuwo, lokhu kuwona umnyama ukhasa phansi. Baze baphume emahlathini bese beqala ukudonsa amaqele aseya ngakoManamuza. Lokhu umuzi wakhe useqeleni, kuthi ingani usekude, kodwa bese uqala ubonakala ungumzizima esibhakabhakeni sasempumalanga. Ithi cosololo inhliziyo. Athi lapho esathi uvumela ukujabula, emqondweni kuthi phazi umcabango wokuthi konje usebuye kuZulumacansi. EGoli ube ehleli kahle kabi, engahlushwa lutho, eseze waba yisihlonishwa sakwaZulu nje. Abuye aziduduze ngelokuthi kuzoba ngcono ngoba ubuye nayo intombazane.

Acabange ngentombi kaMemunce. Ayibone isimoyizela ngokukhophozela lapho izwa ukuthi uhlupheke kanjani, kodwa wagcina ngokuba ayithole ingane. Kube songathi useyayizwa noma isimbonga igcine ngelokuthi: ''Mina ngangikwazi unjalo kuse uwena!'' Uyahamba usezizwa nedolo seliqinile. Ufike abone ukuthi namuhla udode kuZulumacansi; wadoda kumkakhe. Pho, udode eButhunqe bonke!



Uthi-ke lapho ehamba ezincoma ngokudoda kwakhe, lokhu ulandela intombazane ukuze ingabaleki, wethuka esebona isithunzana phambi kukaBajwayele. Sisebuqamamana. Kusongathi simi phakathi kwendlela, sithe ngcwi. Ethuke athi dlengelele, ebona lento abe engayilindele. Ithi lapho ithi igida ngamandla inhliziyo, ayibambe, athi mhlawumbe kuthe ngalezinyangana eseGoli kusale kwamila isihlahla asikwazi ukumila masinya kangaka.

Athuke esekhulumele obala, kodwa ehlebeza: ''Uma kungumuntu, pho wenzani ngalesisikhathi?''

Iphuhle lento. Nomphefumulo kaManamuza uxhuxhume ngamandla ngoba wawungazithandi izinto eziwuphatha kabi. Aqunge isibindi; kuthi noma ezwa sezisinda songathi zifakwe umthofu izicathulo, enqabe ukusalela kakhulu ngemuva kukaBajwayele. Into, bese kwenqaba nomqondo ukuba ucabange ngezinye izinto. Ebese elokhu ecabange njalo nje ngalento ayibona ngaphambi kwakhe. Asondele. Manje usebona ngokusobala ukuthi ngumuntu lona omi phakathi kwendlela. Kufike kuyena ukuthi lomuntu ngumthakathi. Lokhu-ke konke ukucabanga kukaManamuza kusebuthakathini, ezwe ibhulukwe lixega okhalweni. Athi ukuliphakamisa. Kube songathi ulixegise ngamandla. Aqinise ibhande.

Okumhlupha kakhulu kayikho indlela yokumgwemela lomuntu. Ngapha nangapha kwendlela yizindonga zamanzi ezesabekayo. Uma ethi ungena kuzo angalimala kabi ngoba kumnyama. Ame lona omiyo, anganyakazi. Abone ngokusobala uManamuza ukuthi ngumthakathi lona. Kufike kuye imicabango emibili. Omunye uthi akathathe ngelikhulu ijubane aphindele esiteshini, alinde khona kuze kuse. Omunye uthi uma eke wakulokotha lokho, kuyoba yimhla egcinayo ukuba abe yindoda ebandla.

Ezwe efikelwa yisifudumezana, kuthi fithifithi, kube songathi ifuna ukucwila inhliziyo. Nasemehlweni kube songathi kuthi zibaba. Aphefumule kakhulu. Kuthi damu, ebuchosheni, adonse isikhwehlela, athi ethi uyakhuluma lishe izwi emphinjeni lenqabe nokuphuma. Kuthi ngelikade lihoshoze athi:

''Bajwayele, mntanami, yini leya?''

''Umuntu baba.''

Angakhombisi luvalo uBajwayele.

''Awu, mntanami, wenzani ngalenkathi lapha? Yisikhathi sokulala manje. Bonke abantu balele. Akusona isikhathi sokuzophuhla phakathi nezindlela.''

''Angazi baba.''

''Inkulu lendaba.''

Baqhubaqhubeke imizuzwana. Manje kube lukhuni nokuphakamisa unyawo kuManamuza. Kuthi akahlale phansi akhumule izicathulo. Kepha akhumbule ukuthi uma ehlala phansi, hleze angabe esaphinde abe esasukuma, abese ethonyeka okokuphela. Azikhumbule izikhwama zakhe zobunyanga ekhaya manje. Aqale ukuhamba ngokuhlwathizela. Nezidindi zotshani lapha ecaleni kwendlela kube songathi sezimzwile ukuthi akasekho. Zigunye ngokumqhuzula. Athi ethi uqhuzukile, aye avume phansi. Avuke, athi ta, ta, ta, simqhuzule esinye, aye avume phansi. Kube ngumshukashuka intombazane isimvusa. Ithi lapho imtatamisa aphinde futhi abuze: ''Bajwayele mntanami, kwangathi akembethe lutho nje lomuntu? ''

''Kunjalo baba.''



''Sizokwenzenjani pho? Asisale sesiquba khona lapha kuze kuse ngoba singalimala uma siphambuka endleleni. Akusekude ukusa. Mina ngingalimala kabi ngoba ngifake nalokhu okuzicathulo zabelungu. Ngeke ngilokothe ngiphambuke.''. Ukhuluma izwi lisalokhu lishile luvalo.

''Asihambe nje baba, sibone ukuthi uzosenzani.''

''Musa ukubheda! Ungahamba kanjani umbona umuntu eqonde imisebenzi yakhe?''

''Uthi kambe umthakathi lona baba?''

''Musa! Musa ukungibulala! Nawe musa ukuzibulala mntanami. Lelogama kalibizwa ebusuku! Wukufa kodwa. Wo, yeka ngezikhwama zami! Ukube zilapha ubuzobona into yamehlo.''

''Asihambe baba, sibone ukuthi uzokwenzenjani.''

''Siyephi?''

''Siqonde nje kuye.''

''Wena kawesabi?''

''Angeke angenze lutho.''

''Ushiso ubungane.''
Lapho usethuthumela ngokusobala. Kepha ukungesabi kukaBajwayele kumqunge isibindi. Asukume, bahambe.

Kodwa akusahambi uManamuza. Izinwele ekhanda sezimi, sezisiphuzela usungala uthi zimpaphe zesikhukhukazi sifukamela. Akasaboni kahle emehlweni. Kuhlembezela izinyembezi ezishisayo. Isiphongo sesishaqa usungathi sizodabuka sithi nte! Nenhliziyo laphaya ibelesele

ngokugida. Aphulule ikhala, alizwe libanda songathi liphuma eqhweni; kepha ezwe kwehla kulo izithukuthuku! Konke lokhu kumenze ezwe songathi uzofumbeka phansi engaqhuzulwa lutho. Nezidindi zotshani kube songathi zonke sezitshelene ngaye. Lolunyawo luthi luqhuzulwa yilesi, naloluya belushaywa ngesinye. Manje athi uma ewa, angayi phansi ngedolo elingaqhuzukile, aye ngesisu kuqala. Athi evuka abe ethi: "Kusasa ekuseni niyovuka nizozisusa zonke lezidindi mntanami."

"Yebo baba."

Eme njena lona ophuhle endleleni; anganyakazi. Anele abone ukuthi sebeseduze athi: "Dlulani!" Leli uManamuza limfikisele uvalo olumsanganisa ikhanda. Adumele iwisa lakhe engazi kodwa ukuthi wenzani. Asondele, eselungele ukuba athi lapho edlula, aliphelelisele kulona omiyo. Ezwe kodwa ukuthi ikhanda kalisathathi kahle. Nalesisibindi asizwa sesimphethe akusesona esakhe. Athi lapho ethi uyalikhokha, lona omile asimze nje athi: "Nxaphu!"

Liphume liqhantshe iwisa ezandleni zikaManamuza, liye liwele phambi kwalona omiyo. Alicoshe omiyo, aphinde anxaphe futhi. Aphenduke uBajwayele athi: "Buyisa iwisa likababa wena. Kodwa ulithathelani nje?"

UManamuza ehluleke nokukhuluma. Asimze ayithi hlwi ngengalo intombazane edlule nayo ngamandla. Bathi ukuhambahamba awe afumbeke phansi futhi uManamuza. Asuke lona omiyo eze ngakubona.

"Nango baba eza," kuhlebeza uBajwayele. Wathi gubhubhu uManamuza, wathatha ngejubane. Wema lona, wase enxapha. Uthe ebona uBajwayele ujazi kayise wayentaza ebumnyameni. Wazihambela nje kahle, elandela. Antazabule uManamuza aze aye abe kude nalona



ongagqokile, abese ema. Eze uBajwayele. Uza uyamuzwa uyise ephefumula ngamandla equmela phezulu ethi: "Hu! Hu! Hu!"

Athi lapho efika kuManamuza uBajwayele athi: "Bengithi usungishiye umphelo baba. Ngithe sesiyoficana ekhaya."

Aqale athule uManamuza kusaduma ikhanda. Kuthi ngelikade lusombuluke ulimi ezwakale esesho ethi: "Wo, mntanami, kuyahlushekwa emhlabeni."

"Sukuma-ke sihambe baba."

"Kulungile."

Ezwe ngezwi uBajwayele ukuthi akusesiye kahle uyise lona osekhuluma. Uvalo selumshaye kwaze kweqa. Aguqe phansi.

"Wothi ngikukhumule izicathulo, khona uzohamba kahle."

"Khumula mntanami."

Aziqaqe uBajwayele, basuke banyathele kancane sebenyukela eqeleni okwakhe kulona umuzi kaManamuza. Lapho akasakwazi ukuhamba uManamuza. Amhlenge uBajwayele baze baye bangene ekhaya.

Banele bafika njena wachwaza wonke umuzi kaManamuza. Kwavuka imbala noBongiwe wagxuma embhedeni kanina waphonseka emnyango kungakakhanyiswa, ezwa ezinye izingane laphaya phandle zichwaza zithi "Nangu ubaba!" Ezinye zithi: "Nangu umkhulu!"

Bathi bengena endlini enkulu, intombi kaMemunce yayisikhanyisile. Banele bangena zathi wohlo izinyembezi

kuyo. Yathula kayaze yababingelela. UManamuza waye wazilahla ekamelweni, wazijikijela phezu kombhede.

"Bajwayele, mntanami, nivelaphi?" kusho unina.

"EBenoni."

"Kodwa yini kangaka, uze uyozilahla ekufeni uqobo lwakho?"

"Ngangingamfuni uZulumacansi."

"Hhawu mntanami, ngiyazisa. Zake zangilaya nezinkomo zamabheka! Uba izingane zethu zizoze ziyozilahla emajukujukwini uba kuthiwa kufunwa izinkomo!"

Isukume intombi kaMemunce iye ekamelweni.

"Yise kaDumezweni! Kwenzenjani?" Athi uzama ukukhuluma uManamuza, ehluleke.

"Bajwayele, kwenzenjani kuyihlo?"

"Angazi."

"Nisuke eBenoni engakhulumi?"

"Ubekhuluma."

"Pho ngabe yini umuntu emdala?"

"Endleleni sihlangane nomuntu ehamba ze, wanxapha. kwawa iwisa likababa, walicosha lomuntu, wanxapha. Mhlawumbe wethuswe yilokho ubaba."

"Pho, kuzokwenziwa njani?"



"Ngimuzwe ekhala ngezikhwana zakhe. Mnikeni zona."

Bazilande izikhwama zikaManamuza zemithi. Banele bazibeke phambi kwakhe avuke ahlale ngesinqe. Azivule, akhiphe izimpande, aququde, akhwife. Bathi bemuzwa abe esekwazi ukukhuluma ekhwifa athi: "Hamba mthakathi-ndini!" Akhiphe amanye amakhubalo, awaqothe, ashise izinsizi kube njeya. Athi eqeda lapho abe ethi: "Hhawu, nina kaDumezweni! Cishe ngafa!"

Ihleke intombi kaMemunce imbona esesombulukile bese ithi: "Ubuyofa kahle ufela emkhondweni wezinkomo zakho zamabheka!"

"Konje unjalo wena. Ususiziwe. Usuthole into yokuhlekisa."

Yedlule-ke lena, kuse. Lathi liqala liqopha ilanga indaba yokubuya kukaManamuza noBajwayele yase yaziwa kubo bonke uButhunqe bukaMagayi. Kweza abanumzane bezobona uManamuza; kweza nezalukazi ezinye zizobona okaMemunce, sezizombongela ngokuba ikhehla lakhe libuye lisaphila. Wadumela intondolo emhlophe uManamuza, wayinquma, kwalidili elesabekayo.

Kuthe ngelinye ilanga kusihlwa, lapho esezoyolala uBajwayele elawini, kwangena unina. Ufike uthi: "Mntanami ake ungisize ungitshele. WawukwaMaBani? Uye wafika kanjani khona lapho?"

"Ufuna ngiyisuse phansi yonke indaba?"

"Ngifuna lokho, Nomadinane."

"Ngasuka ebusuku, ngavuka ngathi ngifuna ukuyofudumezela utshwala bukaZulumacansi. Wathula nje

akaze asho lutho. Kwedlula imizuzwana ngamuzwa esehona.

Ngaya exhibeni, ngafike ngabasa, ngaphuza itye, ngabamba indlela eya esiteshini.''

''Isibindi esingaka mntanami kodwa wawusithathephi? Uyonqamula wedwa kulawayamahlathi esatshwa ngamadoda?''

''Isibindi akusiso esamadoda odwa. Angazi ukuthi ubaba wawa kangaki esaba ukuhlangana nomthakathi.''

''Musa ukuliphatha lelogama, sekusebusuku, mntanami. Libi.''

''Ingani ngambuza mina umthakathi lowo enimshoyo ukuthi iwisa likababa ulisaphi, kakwavela lutho?''

''Musa bo! Akakhulunyiswa umthakathi.''

''Kuba nani uma ekhulunyisiwe?''

''Umuntu ufa khona lapho! ''

''Sengafa nje?''

''Hhayi Bajwayele. Ningabothi ngoba senifundiswe ningabe nisazihlonipha izinto ezinjena.''

''Bengisathi mame isibindi akusiso esamadoda odwa. Isibindi ukusopha ukwenza into oyifunayo. Ngangifuna ukwehlukana noZulumacansi. Namanje angisoze ngahlala naye. Kulokho nje ngizimisele.''

''Sale usuthambisa inhliziyo nje mntanami. Izinyanga esezingene zaphuma laphaya emzini kaBhekokwakhe



angizazi, zibizelwe ukubuyisa wena, uthi uma usubuyile zikubethelele ukuba ungaphindi unyakaze.''

''Siyobona phela.''

''Lalela mina ngingunyoko Bajwayele.''

''Uthe ufuna ngikutshele ukuthi ngahamba kanjani.''

''Ngilalele.''

''Ngahamba njalo ngomgwaqo kwaze kwaphuma ilanga. Ngasuka ekhaya ngisagcwele ukuthukuthela, ngingakazi kahle ukuthi ngempela ngiyaphi. Inhliziyo yona yayifuna ukuya endaweni ekude njengaseGoli nje, ngiye kwadadewenu, uJabulile.''

''Wawunayo yini imali?''

''Ngangingaphethe ngisho indibilishi yodwa lena. Kodwa ngangizwa kahle nasegazini ukuthi ngiyohamba ngezinyawo ngiyoze ngingene ngaphakathi eGoli. Kwakungasahambi mina lapho. Kwase kuhamba inhliziyo. Abadala-ke bathi inhliziyo kayikhathali.

''Kuthe khona lapho, lapho izwe seliqala ukuba ngamahlane, ngihamba ngomgwaqo kwaqhumuka imotokali yamasampula, inomlungu nomshayeli onsundu. Ngokubona kwabo ukuthi indawo ilihlane bangikhweza. Endleleni babuza ukuthi ngiyaphi, ngathi ngiya eShalastoni. Bangithathe njalo, sedlule eMnambithi naseNyukasela baye bangehlise eShalastoni. Lapho kwase kuya ekuhwalaleni. Ngikhohlwe nje ukuthi konje ngizoya kwabani. Pho, idolobhana laseShalastoni lincane kabi. Kukhona amahlashana songathi akawatela. Ngingene khona ngilale. Kuthi ekuthatheni kokusa ngivuswe

ukuxokozela kwabantu bedlula ngomgwaqo. Banele bedlula nami ngangena emgwaqweni.''

''Indlela uyazi ngani?''

''Konke sakufunda esikoleni, amadolobha, nokuthi akuphi, nokuthi angakanani.''

''Wasizakala mntanami.''

''Bangishiye abantu. Ngiyababona ukuthi baye eVokilasi. Abanye bayeza ngemuva, akukakhanyi kahle. Ngihambe ngikhawuleze ngenzela ukuba laba abangemuva bangangifici. Bahamba bayaxokozela. Pho, abantu indlela yakubo beyazi? Ngibasathe zantuzantu ngibone sebengificile. Babuze ukuthi nami ngiselwe yini, ngivume bedlule. Ngingaphenduli ngomusa ngoba hleze bangixoxise indaba ngisheshe ngivele ukuthi ngiyisihambi.

''Kuthi la kuthe dwi, singene eVokilasi. Laba-ke engibalandelayo sebeqalile ukuncipha. Ngiqale ngeduke. Kulelidolobha abantu sebexubile. Sekukhona namaSwazi. Kuthi lapha nalaphaya ngibone umbhalo womSuthu. Pho, abeSuthu abantu yini, kungamakhosi nje? Ngiye kowesifazane womSuthu, ngibuze indlela eya eGoli. Ethuke kabi uma ezwa ngibuza kanjena. Angibuke ukuthi yini kangaka. Ngithi ukuhlupheka. Athi nje, 'Kunjalo ntombi,' abese engikhombisa indlela.

''Ngihambe lize liphakame ilanga. Ziyangedlula izimotokali, zijahe eGoli. Eziningi ekuseni zisathwele ubisi kanye nezinto ezilinywayo. Kuthi ingani abashayeli bazo bazijikijela lapha emqwaqweni ngolukhulu ulaka, nokho ngiphephe impela engozini. Kuze kube semini.''

''Uhamba nje mntanami kawudlile?''



''Akuzange kufike ukulamba. Namaphoyisa angizange-ke ngiwacabange. Sasingekho isikhathi sokucabanga ngazo zonke lezozinto. Uma ngehlule:.a kulokho engangikusophile, ngase ngilindele khona kanye ukufa.''

"Wo! Nkosi! Umusa wakho mkhulu!" Kuqathake izinyembezi emehlweni esalukazi, zigeleze zehle ngemibimbi, sizesule ngechopho letshali esilembethe.

Aqhubeke nendaba uBajwayele athi: ''Kuthi emini ngase ngihlala phansi komuthi ngaphumula. Ngase ngikhathele. Izwe langalena-ke ngelamathafa, nemigwaqo yalo ikubiza ikubizile, uze ukhathazwe yikho lokho nje.

''Kade-ke ngingazange ngilale kahle, ngiye ngokuya ngize ngizumeke. Ngilale lapho ngize ngiphaphame emini yantambama. Ngiphashanyiswa ngabantu asebengizungezile, bemangele ukuthi ngenzani ehlane kangaka ngingumuntu wesifazane. Ngithi lapho ngiqabukile ngibone ukuthi bahamba ngemoto, kukhona namakhosikazi. Bakhulume ngomusa bebuza ukuthi kwenzenjani. Ngibatshele lapho ngiya khona. Kwenzeke inhlanhla nabo kube ngabantu abaya eBenoni. Bangikhweze nebala.''

''Lapha ngaphakathi kukhona inkosikazi ezimuke ngokwesabekayo. Iyajuluka, ilokhu izesula ngeduku ngenxa yokushisa. Ngikhumbule into eyaye ishiwo nguDumezweni ngokuzimuka kwamakhosikazi aseGoli. Ngithi sengihleli phansi, lenkosikazi bese ithi: 'Hhawu, waze wamuhle umuntu bo! Owakwabani?' Ngimtshele. Abese ethi: 'Wo, ukube kuyenziwa umntanami uJosefase ngabe ngithi akahambe aye eButhunqe kini.' Bahleke bonke laba abasemotokalini. Aqubeke athi: 'Hhayi bo, ngiqinisile impela. Nina nithi ngiyadlala yini. Yintandane uJosefase!' Bahleke njalo nje laba abanye.